

## USOMQULU WAMALUNGELO EZIGULI

*Yilungelo lakho ukuhlonipheka*

***NOMA ISIPHI ISIGULI SINELUNGELO:***

**Lempilo engcono nendawo evikelekile**

**Ekuthathweni kwezinqumo**

**Ukutholakala kosizo lwempilo**

**Ukungadalulwa kolwazi ngaso**

**Ukuba nolwazi ngempilo yaso**

**Ukuba nomshwalense noma ukuxhaswa ngosizo lokweshwa**

**Ukuzikhethele usizo lwezempilo**

**Ukulashwa yilabo abafake omazisi**

**Ukwinqaba ukwelashwa**

**Ukuqonda ngesinqumo sokwelashwa**

**Lombono wesibili**

**Ukuqhubeka nokwelashwa**

**Ukukhalaza ngezinhlelo zezempilo**



### **SIZIBOPHEZELE UKUKUHLINZEKA NGOSIZO**

Isibhedlela saseBethesda siyisibhedlela sesifunda esisebenza ngokulandela uhlelo lohloka olwenziwe uHulumeni oMkhulu weZwe kanye nowesiFundazwe lokusebenza kwezibhedlela zokwelapha eNingizimu Afrika impumelelo yalokhu incika ekusebenzeni ngokuzikhandla kwabasebenzi bonke ukuba banikeze izinga eliphezulu lezempilo nobucwepheshe.

## UNGAFINYELELA KANJANI KULOLU SIZO

Ungafinyelela ngokuba ulandele imithetho nemigomo ebekwe uHulumeni oMkhulu yokusebenza Kwesibhedlela sesiFunda.

Akudingi ukuba uze esibhedlela uma wena noma ilunga lo mndeni wakho ligula. Kungcono ukuqala emtholampilo oseduze, uma udinga usizo olungaphezulu, umtholampilo uyokwedlulisela kithina esibhedlela.

Lapha esibhedlela uma kutholakala ukuthi udinga usizo olungaphezu kolwethu, thina siyokudlulisela esibhedlela esikhulu kunalesi sethu.

Uma udinga usizo olungaphansi kolwethu noma oluncane siyokudlulisela emtholampilo uma sewuhloliwe kwatholakala ukuthi ungalashwa emtholampilo.

Igumbi elibhekelele abalimele nabagula kakhulu (Casualty) liphakathi e-OPD, lihlala livuliwe amahora angu-24 izinsuku eziyisikhombisa ngesonto (7 days).

Igumbi leziguli zangaphandle i-OPD lisebenza kusuka ngo 07:00 kuya ku 17:00 ntambama izinsuku ezinhlanu zesonto.

Uma udinga ulwazi ngokusebenza kwalesi sibhedlela thintana no Mxhumanisi (PRO) ngezikhathi zomsebenzi kulenombolo (Tel: 035-595 1004 ext 196) Inamba yamahhala (Toll Free: 0800 0051 33).

### **SIZIBOPHEZELE UKUKUHLINZEKA NGOSIZO**

**Silwa Nezifo, Silwa Nobubha, Sinika Ithemba**

## BETHESDA HEALTH PROMOTING HOSPITAL

### **USOMQULU WOKUZINIKELA EKUNIKENI NGONYANGO OLUPHEPHILE**

Isibhedlela sethu i-Bethesda sitholakala oBonjeni, indawo engamakhilomitha ayi 18 eDolobheni eMkuze siphezulu ezintabeni zoBombo.

### **INDELELA EYA ESIBHEDLELA**

Kusukela ku-N2 uya eMkuze jikela kwesokudla ungene edolobheni landela izinkombandlela jikela kwesokunxele qhubeka uhambe bese ujikela kwsokudla uhambe amakhilomitha angu 13 ukuya oBonjeni.

### **Abathi besibhedlela bami kanje**

Hospital Manager: Mrs. P.S. Khumalo

Medical Manager: Dr. K.R. Gate

Finance Manager: Ms. H.H. Nxumalo

Nursing Services Manager: Mrs. T.M. Vilakazi

Human Resource Manager: Mr L.T. Nyawo

Pharmacy Manager: Miss. G. Lamola

### **INJONGO**

Ukuba isibhedlela sethu sibe ngesikhethekile kunezinye ukuze sikwazi ukunikezela ezempilo eziseqophelweni eliphezulu

### **UMGOMO**

Ukunikezela unakekelo olunothando nozwelo kwabagulayo abalalisiwe nabangalalisiwe sibe sisusela ohlelweni oluphucuzekile lwempilo, siphinde sisize ekufundiseni, ekubhaliseni, ekuxilongweni, ekwelulekeni kanye nokwedluliswa kwiziguli ezindinga ukwelashwa okusezingeni elingaphezu kwalese sibhedlela sethu lapho ungakwazi ukusebenza futhi uzisebenze.

## USIZO ESILUNIKA UMPHAKATHI NAMAKLINIKHI

Isibhedlela sinalokhu okulandelayo:

Izimo eziphuthumayo ezokwelapha, ezokuhlinzwa nezamathambo, ezabakhulelwe nezabesifazane (Top & Colposcopy), ezabantwana, amazinyo, ezo-kwelashwa kwengqondo, ezenhlala kahle, ezamehlo nezokususa ungwengwezi emehlweni, ezabakhubazekile ngokwahlukahlukene, ezokondleka, ezokucwaninga (Laboratory), izithombe namafutha.

### USIZO ESILUNIKA UMPHAKATHI

Umtholampilo wasesangweni lesibhedlela imitholampilo eyisishiyagalombili esemphekathini nemithathu kamahambanrndlwana

- Izinhlelo zasemphekathini (njengoNompilo)
- Abanakekela abagulela emakhaya
- Abaluleka ngengculazi nesandulela sayo
- Uhlelo lokuvakashela izikole
- Uhlelo lokukhuthaza ukunceliswa kwezingane
- Ukusokwa kwabesilisa
- Usizo kubasebenzi

### IZINHLAKA EZISEBENZISANA NESIBHEDLELA SETHU

- Ezama-Ambulensi
- Odokotela besiFunda
- Izibhedlela ezingomakhelwane nezinezinga eliphezulu kwezokwelapha.
- Unyango wezenhlalakahle
- Izinhlango ezizizemele
- Amaphoyisa

- Abezicimamlilo
- Umasipala wesiFunda

Ukunikwa kwezokulashwa kuhambisana nemigomo ka "Batho Pele" ethi:

- ◆ Ukubonisana
- ◆ Amazinga namaqophelo emisebenzi esiza uphakathi
- ◆ Obani abangahlomula
- ◆ Ukuphathwa kahle nangenhlonipho
- ◆ Ulwazi
- ◆ Ukusebenza ngendlela esobala
- ◆ Ukunxephezela nokuqondisa ukungeneliseki
- ◆ Zuza ukwaneliseka ngemali yakho
- ◆ Ukukhuthaza ukuzithukisa nokubonga labo abasebenza ngokuzimisela
- ◆ Umthelela kumakhasimende
- ◆ Ubuholi nomhlahlandlela

### IZIMO EZIBALULEKILE

Ukuxhumana okungena mgomo

Ukuvuleleka

Ukubonisana

Ukuzibophezela ekusebenzeni okuseziningeni eliphakeme

Ukuletha izinguquko namasu amasha okusebenza



health

Department:  
Health

PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

Department of Health KZN

Bethesda hospital

P/Bag X602 UBOMBO 3970

Main Road, Ubombo 3970

Tel: 035-595 1004

Fax: 035-595 1007

Email: [thandinkosi.zulu@kznhealth.gov.za](mailto:thandinkosi.zulu@kznhealth.gov.za)

[www.kznhealth.gov.za](http://www.kznhealth.gov.za)